IBhayibheli LaBantwana
Likulethela

UJesu Ukhetha
Abasizi
Abayishumi
Nambili

Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: Byron Unger; Lazarus

Ifanekiswe ngu: E. Frischbutter; Sarah S.

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Alastair Paterson

Ikhiqizwe ngu: Bible for Children
www.M1914.org

©2020 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

UJesu wenza izinto ezinhle kakhulu. Walapha izifo, wakhululula abantu izinhliziyo nemigqondo wabanika ukuthula.

Waphinda washumayela izwi likaNkulunkulu.

Kwafika abantu abaningi bezofuna usizo nokwelashwa kuJesu.

UJesu wasekhetha
amadoda ayishumi nambili
kubalandeli bakhe ...

... azomsiza emsebenzini waNkulunkulu.

Uma unezinqumo ezibalulekile uyathandaza ukucela uNkulunkulu akusize na? Ujesu wathandaza!

Ujesu waya ezintabeni
ezithuli ukuyokhuluma
noSomandla.
Wathandaza
kwaze
kwashona
ilanga.

Wathandaza
ubusuku bonke
kwaze
kwasa.

Ekuseni wabiza bonke abalandeli bakhe. Bonke labangani bakhe ababenza konke ayekusho.

Kulabo wakhetha abayishumi nambili ukube babe abasizi bakhe bokhethelo, noma abaphostoli.

Ababili bokuqala abakhetha babe izilamane, uSimoni othiwa uPetru no-Andreya umfowabo.

Bashiya ukudoba

balandela uJesu.


UJamase
noJohane, amadodana
kaZabedewu, nabo bashiya
phansi amanethi
okudoba
bamulandela.

UJesu wakhetha noFiliphu,
uBartolomewu, uMathewu,
uTomase, uSimon
umKhanana, ...

... uJakobe ka-Afewu, uJuda umfoka Jakobe no Juda Iskariyothe owadayisa uJesu waba isitha saJesu.

UJesu wafundisa ukuthi ukwenza
lokhu akushoyo
kufana nokwakha
indlu enesisekelo
etsheni.

Izivunguvungu ngeke
ziyabhidlize.

Kodwa ukungamulaleli kufana nokwakha indlu enesisekelo esithambile esakhiwele esihlabathini.



Makufika izivunguvungu izobhidlika.



Ezinye iziyalo zikaJesu zazingelula.
“Uma umuntu ekumukula esihlathini sokunene mphendulele nesinye, thanda izitha zakho,”
...

... esho efundisa. Abantu bayaludinga usizo likaNkulunkulu ukuze bephile impilo emsulwa njengo Jesu.

UJesu wathi abantu abathandaze ezindlini zabo ekusithekeni – bengenzi njengabazenzisi emasinagogeni.

UJesu wathi uNkulunkulu uyobanakekela bonke ababeka ithemba kuyena.

Njengoba ekwazi ukunakekela izinyoni emthini nezimbhali kumele nabantu ...

… bamuthembe ngezidingo zabo zonke.

UJesu wabafundisa izinto eziningi abasizi bakhe ngalelo langa wathi eqeda kwafika onochoko wakhuleka kuye,wathi: “Nkosi, uma uthanda, ungangihlambulula.”

Waphendula uJesu wathi:
“Ngiyathanda, hlambuluka.”
Wayesehlambuluka
masinye ochokweni
lwakhe
bebhekile
abasizi bakhe.

Indodana kaNkulunkulu kuphela enamandla okwenza lokho. Abasizi bazilapho ukuthi banoThisha omuhlekakhulu.



UJesu Ukhetha Abasizi Abayishumi Nambili

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Matthew 4-7, Mark 1, Luke 6

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa." AmaHubo 119:130

Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi
iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena
unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba
inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni
usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni
yami ungithethelele izono zami, ukuze
ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze
ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade.
Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele
Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu
nsuku zonke! Johane 3:16